

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

Isikhathi: Amahora ama-2½

Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-10. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
 2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI.
 3. Phendula ZOMBILI iziqephu.
 4. Izinombolo zezimpendulo zakho mazibe njengasephepheni, UNGAZIGUQULI.
 5. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayixovi.
 6. Qala umbuzo omusha ekhasini elisha.
 7. Bhala ngokucacileyo nangobunono ukuze kube lula ukumaka umsebenzi wakho.
 8. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu esihle.
-

ISIQEPHU A HLWANYELA UYOVUNA – N. B. MAGWAZA

- Lesi siqephu sinoMbuzo 1, 2, 3, no-4.
- Phendula yonke imibuzo.
- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:
 - ulwazi lwendaba
 - ukwethula umbono wakho uwusekele kahle
 - ukubhala inani lamagama
 - isipelingi esihle
 - ulimi oluhle

UMBUZO 1

Funda incwadi ecashunwe endabeni. Phendula imibuzo engezansi.

"Mphemba

Ngiyothokoza uma usaphila nabomndeni wakho. Ngiyazi uzothuka ukuthola le ncwadi eqhamuka kimina engikholwa ukuthi ubungayilindele. Ngesikhathi ngisejele bengicabanga ngingaqedi ngokwadala ukuba mina nawe sigcine sesingasazwani. Ngicela ukusho ukuthi sengiphendukile; angisekho kulowo mqondo. Ngicela wamukele uxolo lwami idlule le ndaba, sibuyise lobuya bungani esasinabo kudala.

*Ngithemba ukuthi isicelo sami **uyosidlela amathambo engqondo**.*

Ozithobayo

UNdelu"

[Icashunwe esahlukweni 10, ekhasini 79]

- 1.1 Phendula ngo **YEBO** noma **CHA**.
 - 1.1.1 Isithakazelo sikaMbhele uMphemba. (½)
 - 1.1.2 "**uyosidlela amathambo engqondo**" kuchaza ukucabanga ujule. (½)
- 1.2 Baxatshaniswa yini oNdelu noMbhele? Chaza. (2)
- 1.3 Wayeboshelweni uNdelu? (1)
- 1.4 Ukube wena ubunguMbhele ubuzomxolela uNdelu? Sekela impendulo yakho. (3)

- 1.5 Funda la mazwi angezansi. Bhala impendulo ezoba ngamagama **angama-60** kuya **kwangama-80**.

"Kuthiwa lapho kunothando khona nendlela ikhona."

[Acashunwe esahlukweni 10, ekhasini 83]

La mazwi ayeshiwo nguZakhele ewasho kuNtombi.

- Bhala ngothando lwalaba balingiswa. (4)
- Isiphetho sothando lwabo. (2)

Ulimi nohlelo (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)

[15]

UMBUZO 2

Funda lokhu okulandelayo bese uphendula imibuzo. Bhala impendulo **ngezigaba**. Phendula ngamagama asukela **kwayi-100** kuya **kwayi-120**.

UMbhele ulele uphupha ngendodakazi yakhe eshonile uNtombi. Bhala ngalokhu okulandelayo:



[<www.google.co.za>]

- Bhala ngobudlelwano phakathi kukaNtombi noMbhele. (3)
- Ukuziphatha kukaNtombi ngenxa yokuthandana noZakhele. (3)
- Ukuxolisa/ukuzisola noma ukungazisoli kukaMbhele ngezenzo zakhe. (2)
- Ukuxolisa/ukuzisola noma ukungazisoli kukaNtombi ngezenzo zakhe. (2)
- Ukukhuliswa kwengane kaNtombi nezifiso ngayo. (3)

Ulimi nohlelo (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)

[15]

UMBUZO 3

Bhala ingxoxo ezoba ngamagama **ayi-130 kuya kwayi-150**.

Emva kokuthola ukuthi uNtombi noZakhele bashonile esibhedlela. Bhala **ingxoxo** phakathi kukaMaNgcobo noMbhele, uveze ukuthi bazizwa kanjani. **Qala ingxoxo yakho kanje:**

uMaNgcobo: Maye! (*ekhala*) Ngiyazisa ngengane yami uNtombi. Ngakutshela Mbhele ukuthi ...



[<www.google.co.za>]

Inggikithi (okusendabeni =7 / okwakho =3)

Isakhiwo

Ulimi nohlelo

Inani lamagama nokulibhala

(10)

(2)

(2)

(1)

[15]

UMBUZO 4

Funda isitatimende esingezansi. Bhala **i-eseyi** ezoba ngamagama **ayi-180** kuya **kwangama-200**. **I-eseyi** yakho mayihlukaniseke **ngezigaba, ibe nesihloko**.

Ukukhulisa ingane kunzima futhi kuyinselelo (*challenge*) enkulu.

Isingeniso

Veza umbono wakho ngalesi sitatimende. (2)

Umzimba

- Qhathanisa uMbhele noMaNgcobo. Bangabazali abanjani? (3)
- Bhala ngokukhuliswa kwezingane zakwaMbhele. (2)
- Umphumela wokukhulisa izingane ngesandla esiqinile. Bhekisa endabeni. (2)
- Izinselelo ezabhekana noNtombi ekhaya nemiphumela emibi. (3)
- Izinselelo ezabhekana noMbhele noMaNgcobo ngenxa kaNtombi. (3)
- Umbono wakho ngezenzo/ngokuziphatha kukaNtombi. (2)

Isiphetho

Bhala izeluleko (*advices*) ezingasiza ubudlelwano bezingane nabazali bubengcono.

Bhekisa:

- kuMbhele (2)
- kuMaNgcobo (2)

Isakhiwo (1)

Ulimi nohlelo (2)

Inani lamagama nokulibhala (1)

[25]

Amamaki angama-70

ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

- Lesi siqephu sinoMbuzo 5 noMbuzo 6.
- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:
 - Isakhiwo esifanele
 - Ithoni nerejista efanele
 - Ulimi oluhle
 - Isipelingi esihle
 - Inggikithi enhle
 - Ikhono lokuziqambela
 - Ukubhala inani lamagama

UMBUZO 5

Phendula uMbuzo 5.1 **NOMA** uMbuzo 5.2. Bhala amagama **ayi-150** kuya **kwayi-180**.

5.1 Incwadi yakomkhulu

Ekupheleni konyaka uthishomkhulu wesikole sakho uzothatha umhlalaphansi (*retirement*) emva kokuphatha isikole kahle iminyaka eyishumi. Wena ungusihlalo wabafundi abadala (*Old girls/boys/alumni*), ucelwe ukuthi umbhalele **incwadi yokumncoma/yokumbonga** ngomsebenzi omuhle awenzile.



[<www.google.co.za>]

Bhala **incwadi** yakho ufake lokhu okulandelayo:

- Izinga lemfundo nezemidlalo esikoleni. (2)
- Imiphumela kamatikuletsheni. (2)
- Izakhiwo zesikole. (2)
- Ubudlelwano bothisha nabafundi. (2)
- Izifiso zabafundi ngekusasa lakhe. (2)

Isakhiwo (7)
 Ulimi nohlelo (2)
 Inani lamagama nokulibhala (1)

[20]

NOMA**5.2 Amaminithi omhlangano**

Nina njengabafundi bakamatikuletsheni kukhona izinto eningazithandi ezenzeke esikoleni senu. Bhala **amaminithi** omhlangano wenu azonikezwa umphathi wesikole.



[<www.google.co.za>]

Bhala **amaminithi** akho ufake lokhu okulandelayo:

- Ezemidlalo. (2)
- Umsebenzi wesikole. (2)
- Ukuhamba kothisha. (2)
- *Matric Dance*. (2)
- Umtapo wolwazi (*Library*). (2)

Isakhiwo (7)

Ulimi nohlelo (2)

Inani lamagama nokulibhala (1)

[20]

UMBUZO 6

Khetha uMbuza 6.1 **NOMA** uMbuza 6.2. Bhala amagama **angama-60** kuya **kwangama-80**.

6.1 I-imeyili (email)

Wena ungumzali, ingane yakho efunda umatikuletsheni ixoshiwe (*expelled*) esikoleni. Bhalela uthishomkhulu **i-imeyili** uveze imizwa yakho.



[<www.google.co.za>]

Bhala i-imeyili ubhekise kulokhu okulandelayo:

- Izizathu zokuxoshwa kwengane yakho. (2)
- Ukuphatheka kwakho ngokuxoshwa kwayo./Indlela ozizwa ngayo. (2)
- Ikusasa le ngane yakho./Ozokwenza ngokuxoshwa kwengane yakho. (2)

Isakhiwo (2)

Ulimi nohlelo (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)

[10]

NOMA

6.2 Idayari (*diary*)

Eminyakeni emibili edlule isikole sakho asikwazanga ukuba ne-*Matric Dance* ngenxa ye-COVID-19. Kulo nyaka uthishomkhulu ucele wena njengomzali ukuthi uhlelele (*organise*) lo mcimbi. Bhala **idayari** yezinsuku eziyisithupha yokulungiselela lolu suku.



[<www.google.co.za>]

Bhala **idayari** ubhekise kulokhu okulandelayo:

- Izimemo. (2)
 - Indikimba yosuku/ukudla. (2)
 - Ukubukeka kwendawo. (2)
- Isakhiwo (2)
 Ulimi nohlelo (1)
 Inani lamagama nokulibhala (1)
[10]

Amamaki angama-30

Amamaki esewonke: 100